KWAZULU-NATAL PROVINCE
HEALTH
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

CEZA -THULASIZWE
DISTRICTHOSPITAL

# CEZ'EMTOTI NEWS

SEPTEMBER 2023

STAY INFORMED

# HERITAGE DAY CELEBRATION





## Abasebenzi bevunule beconsa ngosuku lwamagugu.

Kwakusindwe ngobethole isibhedlela sakwaCeza sigubha usuku lwamagugu abasebenzi bekhumbula imvelaphi yabo. Imvunulo yayisezingeni eliphezulu kanye nokudla kwesintu okunhlobonhlobo. Usuku lwaqala ngomviliyelo abasebenzi begida beqephuza kusiphuka izidindi. Bayalujabulela lolusuku kakhulu abasebenzi ngoba basuke bezingqaja ngamagugu ezizwe zabo kanye nemvelaphi yabo. Kwabakhona umncintiswano wengoma phakathi kweminyango yangaphakathi nokuyila uSystems adla khona umhlanganiso njengenjwayelo. Nababevunule kahle baklonyeliswa kanjalo nokudla kwesintu okwakuphekwe kahle ngendlela yasemandulo. The theme for this year's Heritage month was "Celebrating our cultural diversity in a democratic South Africa"

